Publication: Isolezwe (KZN)
Date: Tuesday, February 20, 2018
Page: 4

# Babhikishele ikhansela abangasalifuni



**AMAPHOYISA eqaphe ngelokhozi umphakathi wakwaJ eMlaza obubhikisha izolo ukhala ngokuthi kawusalifuni ikhansela lawo**

Isithombe:SITHUNYELWE




**UMPHAKATHI waseSub 5 KwaDabeka ungene emgwaqweni wamasha izolo uzwakalisa ukungenami ngokuhlala kolindela isikhathi eside, ungakhelwa izindlu zomxhaso nguMasipala weTheku**

Isithombe: DOCTOR NGCOBO

**MLUNGISI GUMEDE**

UMPHAKATHI wakwaJ eMlaza uthi alihambe ikhansela lawo awusalifuni ngoba aliwusizo ngalutho.

Izolo, iqulu lamalungu omphakathi wakule ndawo lingene emgwaqweni labhikisha likhombisa intukuthelo ngekhansela, uNkk Melta Zuma.

Lo mbhikisho obuqashwe ngelokhozi ngamaphoyisa kubikwa ukuthi ugcine sewuphazamisa ukuhamba kwezimoto endaweni.

Okhulumela ababhikishi uMnuz Sizwe Zungu uthe abasalifuni ikhansela labo ngoba bahlupheka likhona.

"Kufana nokuthi asinalo ikhansela ngoba alisenzeli lutho, nalo lasho ukuthi ngeke libenzele lutho abantu bakwaJ," kusho uZungu.

Uthe nezincwadi ezikhishwa amakhansela zokuqinisekisa ikheli, liyanqaba ukubanika baze basizwe yikhansela lakwenye i-ward.

"Sincamela ukuhlala kuthiwe asinalo ikhansela kuze kube ngu-2021 ngoba vele leli elikhona alithandi ukusisiza," kusho uZungu.

Uthe uNkk Zuma uhambisa intuthuko kwaK kuphela lapho ehlala khona.

"Ngisho nohlelo lwemisebenzi yamatoho i-Expanded Public Works Programme (EPWP) lwakwaJ akusebenzi abantu bakhona kusebenza abakwezinye izindawo," kusho uZungu.

Uthe kunohlelo lwezindlu zemixhaso olukhona endaweni, wengeza ngokuthi sebethathe isinqumo sokuthi kube yibona mphakathi abazifakela abantu abazohlala kuzona ngoba bevimba ukuthi uNkk Zuma angafaki abantu bakhe.

UZungu uthe into ebaphatha kabi ukuthi sekunezinkulumo ezikhona sokusongelwa kwabanye abayingxenye yombhikisho.

Ethintwa uNkk Zuma izolo kuthe uma ezwa ukuthi ukhuluma nentatheli wavele wavala ucingo.

Khonamanjalo, iqulu lamalungu omphakathi waseSub 5 KwaDabeka nalo libhikishile izolo lilibangise emahhovisi oMnyango wezeZindlu eNew Germany liyokwethula uhlu lwezikhalo.

Umphakathi waKwaDabeka ukhala ngokuthi usuhlale isikhathi eside kolindela imixhaso awusakhelwa.

Lo mphakathi umashe cishe amakhilomitha amahlanu usuka KwaDabeka uya eNew Germany.

Okhulumela umphakathi, uMnuz Bhungani Radebe uthe sebakhathele ukuhlala kolindela ngoba sebehlale khona isikhathi eside.

URadebe uthe abakwazi ukuphila impilo yabo kolindela ngoba ayikho imfihlo.

"Nemisakazo ikhalela phezulu lokho kuphazamisa izingane zingakwazi ukufunda kahle," kusho uRadebe.

Uthe abantu besifazane bayadlwengulwa uma beya ezindlini ezincane ebusuku.

"Sesivote kabili sihleli lapha kolindela, besicela manje ukwakhelwa izindlu ukuze siphume lapha," kusho uRadebe, wengeza ngokuthi sekukhona nasebegula ngenxa yokungcola kwendawo.

USomlomo eMkhandlwini weTheku uMnuz William Mapena uthe ngokujwayelekile uma amalungu omphakathi ethi awalifuni ikhansela lawo kusuke kunenhlese yepolitiki.

UMapena uthe akanalwazi nezikhalo zalo mphakathi obubhikisha.

Mayelana nombhikisho wakolindela uMapena uthe izikhalo zaKwaDabeka bazozisukumela.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.